

ضرورة المسلمين

ZAROORATUL- MUSLIMEEN

Izifundo zamaMuslim asaqala

✻	IZINKOLELO	عقائد
✻	IMITHETHO	فقه
✻	UMLANDO	تاريخ
✻	AMADUA	أدعيه
✻	AMASURAH	سورة



جمیعت العلماء کوازولو ناتال

Jamiatul Ulama (KZN)

Ta'limi Board

Tel.: 031 912 2172 Fax.: 031 902 9268

P.O. Box 26024 Isipingo Beach 4115

info@talimiboardkzn.org

Igama:

Zarooratul Muslimeen Izifundo zamaMuslim asaqala

Ishicilelwe:

Jamiatul Ulama (KZN)
Ta'limi Board
4 Third Avenue
P.O.Box 26024
Isipingo Beach
4115
South Africa

Tel:

+27-31 912 2172

Fax:

+27-31 902 9268

E-mail:

info@talimiboardkzn.org

Skype:

talimiboard

First edition:

Rajab 1433 / June 2012

- ❖ For the *esaal-e-sawaab* of the entire Ummah of Nabi ﷺ.
- ❖ Open permission is granted for reprinting of this booklet provided it is not for gain and without any alterations.
- ❖ A humble appeal is directed to readers to offer suggestions, corrections, etc. to improve the quality of this publication in the future. May Allah ﷻ reward you for this.
- ❖ The author, translators, editors, sponsors and typesetters humbly request your duas for them, their parents, families, *Mashaaikh* and *Asaatidha*.

Okuphakathi

ISINGENISO	1
TIME TABLE	2
AQAAID	3
IZINKOLELO EZINGU 7 zeMUSLIM	4
UBUNYE BUKAALLAH TA’ALA	4
UALLAH TA’ALA	5
IZINGELOS I.....	5
IMIBHALO ENGCGWELE	6
ABAPHROFETHI.....	7
NANKA AMAGAMA ABANYE ABAPHROFETHI.....	7
UMPHROFETHI WETHU UMUHAMMAD (SALLALLAHU ALAYHI WASALLAM).....	8
KIYAMA (USUKU LOKUGCINA)	8
TAKDIR (UKUDALELWA)	9
IMPILO EMVA KOKUFA	9
IJANNAH NE JAHANNAM	9
IISLAM INEZINSIKA EZINHLANU.....	9
IMAN (UKHOLO)	10
SALAH (UMTHANDAZO)	10
SAUM (UKUZILA UKUDLA)	10
ZAKAH	11
HAJ	11
FIQH	12
IMITHETHO MAYELANA NOKUZIKHULULA	13
AMANZI	14
NAJASAT (UKUNGCOLA)	15
WUDHU (UKUGEZA OKUNQAMULELAYO)	16
AMAFARAI DH eWUDHU	16
INDLELA EYISUNNAH YOKWENZA iWUDHU (PRACTICAL).....	16
KUFENELE NGIYENZE NINI iWUDHU?	17
IZENZO EZIPHULA iWUDHU.....	18
GHUSL (UKUGEZA UMZIMBA)	19
AMAFARAI DH eGHUSL	19
INDLELA EYISUNAH YOKWENZA iGHUSL	19
IADAAB yeGHUSL	20
SALAAH	21
IMIVUZO yeSALAH	21
AMAGAMA NEZIKHATHI ZEMITHANDAZO YOSUKU EMIHLANU	21
IMITHETHO yeSALAH	22
IZENZO EZIPHULA UMTHANDAZO	22
AMAFARAI DH eSALAH.....	23
INDLELA YOKWENZA UMTHANDAZO (PRACTICAL).....	23
UMEHLUKO EMTHANDAZWENI WABESIFAZANE	28
IZINCAZELO	29
ISHADI leSALAH	31
UMLANDO	32
UMPROFETHI WETHU UMUHAMMAD ﷺ.....	33
ISIFUNDO SOKUQALA	33

ISIFUNDO SESIBILI	33
ISIFUNDO SESITHATHU	33
ISIFUNDO SESINE	34
ISIFUNDO SESIHLANU	34
ISIFUNDO SESITHUPHA	34
ISIFUNDO SESIKHOMBISA	35
ISIFUNDO SESISHIYAGALOMBILI	35
ISIFUNDO SESISHIYAGALOLUNYE	35
ISIFUNDO SESHUMI	36
ISIFUNDO SESHUMI NANYE	36

AMADUA.....37

KALIMA TAYYIBAH	38
KALIMA SHAHADAH	38
KALIMA TAMJID	39
KALIMA TAUHID	39
KALIMA RAD-DE-KUFR	40
IMAANI MUJMAL	41
IMAANI MUFASSAL	41
TA`AWUDH	42
TASMIYA	42
NGAPHAMBI KOKWENZA NOMA NGABE YINI YITHI	42
UMA UNGENA EKHAYA NOMA UHLANGANA neMUSLIM, YITHI.....	43
UKUPHENDULA UMA UBINGELELWA	43
IDUA NGAPHAMBI KOKUNGENA ETOILET	43
IDUA UMA UPHUMA ETOILET	44
NGESIKHATHI ULALA.....	44
IDUA YOKUVUKA	44
IDUA NGAPHAMBI KOKUDLA	45
IDUA EMVA KOKUDLA.....	45
UMA UKHOHLIWE UKUSHO uBISMILLAH NGAPHAMBI KOKUDLA:	46
IDUA EMVA KWEADHAN	46
DURUD SHAREEF	47
DUA QUNOOT	48

AMASURAH.....49

SURAH FAATIHA	50
SURAH NAAS	51
SURAH FALAQ.....	52
SURAH IKHLAAS	53
SURAH LAHAB	54
SURAH NASR	55
SURAH KAAFIROON.....	56
SURAH KAUTHAR.....	57
SURAH Ma`OON	58
SURAH QURAISH	59
SURAH FEEL	60

IZELULEKO KUWOWONKE AMAMUSLIM.....61

ISIKHUMBUZO SAMI SANSUKU ZONKE.....	65
-------------------------------------	----

PROGRESS SHEET.....66

ISINGENISO

Lonke udumo lufanele uAllah Ta’ala kuphela. **IDurood** ne**Salaam** makube kuMprofethi wethu, uSayyidinah Rasulullah ﷺ.

Al-hamdulillah ngomusa kaAllah Ta’ala incwajana i“**Zurooratul Muslimeen**” isiphelile. Lencwajana ihlelelwe ukusiza labobafundi abangakangeni ngokuphelele ohlelweni lwemfundo lweTa’limi Board kanye nalabo abafike emva kwesikhathi eMadrasah. Lokhu kuzobasiza ukuba bakwazi ukungena ohlelweni lwemfundo lweTa’limi Board emva kwesikhathi Insha Allah. Ingasetshenziswa futhi nayilabo abasanda kungena kwiIslam.

Izinto ezifakwe lapha aziziningi futhi zilula ukuze kusizakale labo abasaqala.

Lencwajana ihlelelwe ukuba iqedwe emva kwezinyangana ezimbalwa, emva kwalokho abafundi bangangena ohlelweni lweTasheel, insha Allah. Sithemba ukuthi, insha Allah, emva kokufunda lencwajana, umfundi uzoba nolwazi ngezinkolelo (Akaaid) kanye nemithetho yeTahara, Salah njll okuphathelene nempilo yansukuzonke.

Sengathi uAllah Ta’ala angamukela lomzamo futhi asibusise ngenxa yawo. *Amin*.

Imibono neziphakamiso zamukelekile. Makuthunyelwe emahhovisi eTa’limi Board.

Jamiatul Ulama (KwaZulu Natal)


Safar 1433

Ta’limi Board

June 2012

Time Table

Isikhathi	50 min	20 min	20 min	30 min
Msombuluko	Kuran/ Kaidah	amaSurah	amaDua	Fiqh
IwesiBili	Kuran/ Kaidah	amaSurah	amaDua	Akaid
IwesiThathu	Kuran/ Kaidah	amaSurah	amaDua	Fiqh
IwesiNe	Kuran/ Kaidah	amaSurah	amaDua	Umlando
IwesiHlanu	Kuran/ Kaidah	amaSurah	amaDua	Practicals



AQAAID

(Izinkolelo zethu)

Izinkolelo ezingu 7 zeMuslim

IMuslim kufanele likholelwe kulezizinto eziyisikhombisa:

1. KuAllah Ta'ala.
2. Izingelosi zakhe
3. Imibhalo yakhe.
4. Izithunywa zakhe (abaPhrofethi).
5. Usuku lokwahlulela.
6. ITakdir (ukudalelwa) i.e. ubuhle nobubi buvela kuAllah Ta'ala.
7. Impilo emva kokufa.

Ubunye bukaAllah Ta'ala

1. UAllah Ta'ala munye kuphela.
2. UAllah Ta'ala akanabazali.
3. UAllah Ta'ala akanabantwana.
4. UAllah Ta'ala akanandodana.
5. UAllah Ta'ala akanamndeni.
6. UAllah Ta'ala wayevele ekhona.
7. UAllah Ta'ala uyobakhona unomphela.
8. UAllah Ta'ala akanabasizi.
9. UAllah Ta'ala uphethe umhlaba wonke.
10. UAllah Ta'ala akadingi lutho.
11. Yonke into iyamdinga uAllah Ta'ala.
12. UAllah Ta'ala ubona yonke indawo.
13. UAllah Ta'ala wazi izinto ezenzeka yonke indawo.
14. UAllah Ta'ala akadli futhi akaphuzi lutho.
15. UAllah Ta'ala akalali.

UAllah Ta'ala

1. Kufanele sizamukele izinqumo zikaAllah Ta'ala.
2. Akufanele sikhononde ngezenzo zikaAllah Ta'ala.
3. UAllah Ta'ala uyabathanda labo abahloniphayo.
4. UAllah Ta'ala uyazi ukuthi kuzokwenzekani esikhathini esizayo.
5. NguAllah Ta'ala onisa imvula.
6. UAllah Ta'ala uyazi ukuthi umuntu uzalwa nini nokuthi uyofa nini.
7. NguAllah Ta'ala olapha abantu abagulayo.
8. NguAllah Ta'ala owenza abantu bacebe noma babempofu.
9. NguAllah Ta'ala onika isondlo.
10. UAllah Ta'ala uyinkosi yamakhosi.
11. UAllah Ta'ala unomusa kakhulu.
12. UAllah Ta'ala uyaxolela.
13. NguAllah Ta'ala opha ukuhlonipheka.
14. UAllah Ta'ala uzwa futhi ubona yonke into.
15. NguAllah Ta'ala kuphela ongalimaza noma abusise umuntu.
16. UAllah Ta'ala ukhombisa indlela noma ngabe ngubani amthandayo.
17. UAllah Ta'ala wehlisela umusa wakhe kuyoyonke indalo.

Izingelosi

1. Sikholwa ukuthi uAllah Ta'ala wadala izingelosi ngokukhanya.
2. Asikwazi ukuzibona izingelosi.
3. NguAllah Ta'ala kuphela owazi isibalo sazo.
4. Izingelosi azoni.

5. Akalona iMuslim umuntu ongakholwa ukuthi kukhona izingelosi.
6. Nazi izingelosi ezidumile ezine:
 - **Hadhrat Jibrail (alayhis salaam)** waletha imibhalo, imithetho kanye nemilayezo kaAllah Ta'ala kubaphrofethi.
 - **Hadhrat Mikaa'il (alayhis salaam)** uphethe ezokudla namanzi.
 - **Hadhrat Izrail (alayhis salaam)** Ingelosi yokufa. Ukhipha imiphefumulo uAllah Ta'ala amthume ukuba ayikhiphe.
 - **Hadhrat Israa'fil (alayhis salaam)** uyoshaya icilongo ngosuku lweKiyama.

Imibhalo engcwele

1. AmaMuslim ayakholelwa kuyoyonke imibhalo eyathunyelwa nguAllah Ta'ala.
2. UAllah Ta'ala wembula imibhalo yakhe kubaPhrofethi.
3. Kufanele silandele umbhalo kaAllah Ta'ala wokugcina, iKur'an.
4. Nanka amagama emibhalo emine eyambulwa:
 - Torah (iThora) – yambulwa kuHadhrat Musa ﷺ.
 - Zabhur (amaHubo) – yambulwa kuHadhrat Dawud ﷺ.
 - Injil - yambulwa kuHadhrat Isa ﷺ.
 - Kur'an – yambulwa kuHadhrat Muhammad ﷺ.
5. Ngaphandle kwalemibhalo, ikhona eminye emincane eyambulwa kwabanye abaPhrofethi.
6. Imibhalo yakudala isiyaguqulwa ayisekho esimweni sayo sangempela.
7. Umbhalo ongazange uguqulwe yiKur'an kuphela, ngenxa yokuthi uAllah Ta'ala uyivikele.

AbaPhrofethi

1. Sikholelwa kubobonke abaPhrofethi bakaAllah Ta'ala.
2. Bonke abaPhrofethi babengabantu.
3. Akekho umphrofethi kaAllah Ta'ala owake wenza isono.
4. Bonke babeyizinceku zikaAllah Ta'ala ezingamakholwa.
5. Umphrofethi wokuqala kaAllah Ta'ala kwakunguHadhrat Adam (Alayhis salaam) bese kuthi owokugcina kwaba nguHadhrat Muhammad (Sallallahu alayhi wasallam).
6. Akekho omunye umphrofethi oyofika emva kukaHadhrat Muhammad (Sallallahu alayhi wasallam).

Nanka amagama abanye abaphrofethi

- UHadhrat Adam (Alayhis salaam) (uAdam)
- UHadhrat Nuh (Alayhis salaam) (uNowa)
- UHadhrat Ibrahim (Alayhis salaam) (uAbraham)
- UHadhrat Musa (Alayhis salaam) (uMose)
- UHadhrat Isa (Alayhis salaam) (uJesu)
- UHadhrat Muhammad (Sallallahu alayhi wasallam)

UMphrofethi wethu uMuhammad (Sallallahu alayhi wasallam)

1. UMphrofethi wethu uMuhammad (Sallallahu alayhi wasallam) uyisithunywa nenceku kaAllah Ta'ala.
2. Wonke amaMuslims akholwa ngukuthi uMphrofethi uMuhammad (Sallallahu alayhi wasallam) unguMphrofethi kaAllah Ta'ala wokucina.
3. Akekho umphrofethi omusha oyofika emva kwakhe.
4. UMphrofethi wethu uMuhammad (Sallallahu alayhi wasallam) akazange enze sono.
5. UMphrofethi wethu uMuhammad (Sallallahu alayhi wasallam) mkhulu kunabo bonke abaphrofethi.
6. UMphrofethi wethu uMuhammad (Sallallahu alayhi wasallam) weza njengomphrofethi wabobonke abantu kuze kube usuku lokucina (Kiyama).

Kiyama (Usuku lokucina)

1. Ngolunye usuku yonke impilo emhlabeni iyophela.
2. NguAllah Ta'ala kuphela owaziyo ukuthi lunini lolosuku.
3. Ngalolosuku uAllah Ta'ala uyobuza wonke umuntu ngezenzo zakhe ezinhle noma ezimbi.
4. Bonke labo abenze okuhle bayothola umvuzo kuAllah Ta'ala, bese kuthi labo abanze okubi bajeziswe nguAllah Ta'ala.

Takdir (ukudalelwa)

1. Kufanele samukele ukuthi zonke izimo ezinhle nezimbi ezisehlelayo zivela kuAllah Ta'ala. Lokhu kubizwa ngeTakdir.
2. Akalona iMuslim lowo ongakholelwa kwiTakdir.
3. UAllah Ta'ala wazi izinto ezisazokwenzeka.
4. Sikholwa ukuthi yonke into yenzeka ngentando kaAllah Ta'ala.

Impilo emva kokufa

1. Sikholwa ukuthi emva kokufa siyobuye siphile futhi.
2. UAllah Ta'ala uyotshela ingelosi uHadhrat Israfil (Alayhis salaam) ukuba ashaye icilongo bese yonke into iyavuka.
3. Emva kwalokho wonke umuntu uyoma phambi kukaAllah Ta'ala aphenandle ngokuthi wayephila kanjani.

IJannah ne Jahannam

1. Sikholwa ukuthi uAllah Ta'ala wadala iJannah (izulu) ne Jahannam (isihogo).
2. IJannah indawo yenjabulo nentokozo.
3. IJahannam indawo yesijeziso.
4. Akekho oyokufa eJannah noma eJahannam.
5. AmaMuslims aziphatha kahle ayongena eJannah.
6. Abangewona amaMuslims nabaziphatha kabi bayongena eJahannam.

IIslam inezinsika ezinhlanu

1. Iman (ukholo)
2. Salah (imithandazo)

3. Saum (ukuzila ukudla enyangeni kaRamadhan).
4. Zakah (imali ethile ekhishwa kanye ngonyaka)
5. Haj (uhambo oluya eMakah enyangeni kaDhul Hijja)

Iman (ukholo)

Iman ichaza ukukholwa nguAllah Ta’ala, izingelosi zakhe, isithunywa sakhe, uHadhrat Muhammad (Sallallahu alayhi wasallam) kanye nezimfundiso zaso. Iman iyinsika yokuqala futhi ebaluleke kakhulu yelIslam.

Salah (umthandazo)

Ukwenza iSalah iyona ndlela esithandaza ngayo kuAllah Ta’ala. UAllah Ta’ala usiyalele ukuba senze imithandazo emihlanu ngosuku.

1. ISalah iyinsika yesibili yelIslam.
2. AmaMuslims kufanele athandaze kahlanu gosuku.
3. Emthandazweni yingesikhathi lapho sikhuluma noAllah Ta’ala khona.
4. Uma kushaya isikhathi somthandazo kufanele siyeke imisebenzi nokudlala silungisele umthandazo.
5. Kufanele sibheke kwiKibla uma sithandaza.
6. Uma siphuthelwa ngumthandazo, uAllah Ta’ala uzosijezisa.

Saum (Ukuzila ukudla)

1. Ukuzila ukudla kusho ukugwema ukudla nokuphuza kusukela ngaphambi kukaFajar kuze kube iMaghrib.
2. Ukuzila ukudla ngenyanga kaRamadhan kuyinsika yesithathu yelIslam.

3. Kuphoqelekile (fardh) ukuba amaMuslim azile ukudla ngenyanga kaRamadhan.
4. UAllah Ta'ala uthembisa imivuzo emikhulu kulabo abazila ukudla ngenyanga kaRamadhan.
5. Sizila ngenyanga kaRamadhan ukuze sizwe indlala ezwiwa ngabampofu nabaswele.


Zakaah

1. IZakah iyinsika yesine yelIslam.
2. Kufanele sikiphe u2½% emnothweni wethu.
3. Izakah ikhishwa kanye ngonyaka.
4. Uma sikipha iZakah sisuke sikhombisa ukubonga kuAllah Ta'ala ngezibusiso nomusa wakhe.
5. Yonke into esinayo ivela kuAllah Ta'ala.
6. Uma sikipha iZakah, uAllah Ta'ala uyasandasela futhi ahlanze umnotho wethu.

Haj

1. IHaj iyinsika yesine yelIslam.
2. IHaj uhambo lokuya eMakkah ngenyanga kaDhul Hijjah.
3. Labo abenza iHaj bavakashela iKa'bah, eMina, eArafah kanye naseMuzdalifa ngesikhathi seHaj.
4. IHaj iphoqelekile kulawo maMuslim anamandla okuthwala izindleko zayo.

Qaphela: Uma ufuna imininingwane ethe xaxa ngeSalah, Ukuzila ukudla, iZakah kanye neHaj, xhumana nama 'Alim angakini.



FIQH

(Imithetho yelslam yezinto
ezahlukehlukene)

Imithetho mayelana nokuzikhulula

1. Ungangeni endlini encane ungagqoke lutho ekhanda.
2. Ungangeni endlini encane ungazifakile izicathulo.
3. Khumula zonke izinto ezibhalwe igama likaAllah ngaphambi kokungena endlini encane.
4. Ngaphambi kokungena yithi, بِسْمِ اللَّهِ bese usho leDuwa elandelayo:

اَللّٰهُمَّ اِنِّيْ اَعُوْذُ بِكَ مِنَ الْخُبْثِ وَالْخَبَائِثِ

5. Ngena ngonyawo lwesinxele.
6. Ungachami umile.
7. Qoshama bese uzikhulula.
8. Ungabheki noma ufulathele iKibla.
9. Uqaphele ungazichaphazeli ngomchamo.
10. Emva kokuchama, linda aze aphele wonke amaconsi omchamo ngaphambi kokugeza.
11. Hlanza futhi ugeze izitho zangasese kahle emva kokuzikhulula. Lokhu kubizwa nokuthi Istinja.
12. Sebenzisa isandla sesinxele ukweza istinja.
13. Sebenzisa amanzi ahlanzekile ukwenza istinja.
14. Ungadli, uphuze noma ukhulume etoilet.
15. Ungafundi izincwadi, amabhuku noma amaphepha etoilet.
16. Ungasho dua, nakalimah noma amavesi eKur'an uma usetoilet.
17. Phuma ngonyawo lwesokudla usho leDua elandelayo:

غُفْرَانَكَ اَلْحَمْدُ لِلّٰهِ الَّذِيْ اَذْهَبَ عَنِّيْ الْاَذَى وَعَافَانِيْ

18. Geza izandla emva kokuphuma etoilet.
19. Zikhulule endaweni ongeke ubonakale kuyo, ikakhulukazi uma usohambeni.
20. Ungachami noma uzikhulule ngaphansi kwezihlahla, emadanyini, emgwaqeni, ezindleleni noma ezindaweni zomphakathi.

Amanzi

Kuvumelekile ukuba sisebenzise lamanzi alandelayo ukuzihlanza.

1. Amanzi emvula
2. Amanzi epitsi
3. Amanzi asemfuleni
4. Amanzi asolwandle
5. Amanzi agcinwe ethangini noma edanyini elikhulu.

Najaasat (Ukungcola)

Zinhlanu izinhlobo zeNajasat (ukungcola)

1. Umchamo wabantu nowezilwane
 2. Indle yabantu neyezilwane
 3. Igazi
 4. Ubomvu
 5. Utshwala
1. Uma izingubo zakho zithelwa ngenye yalamaNajasat (ukungcola) abaliwe, kufanele ziwashwe kathathu, kuthi njalo uma uqeda ukuwasha ukhame (uvove).
 2. Uma enye yalamaNajasat (ukungcola) iwela emzimbeni wakho, kufanele ugeze leyondawo kathathu ngamanzi ahlanzekeli.
 3. Awukwazi ukuthandaza uma kuneNajasat (ukungcola) emzimbeni noma ezingutsheni zakho.
 4. Susa iNajasat ngokugeza kathathu ukuze uhlanze izingubo, izinto zokulala, umata etc.

Wudhu (Ukugeza okunqamulelayo)

AmaFaraidh eWudhu

Mane amaFaraidh (izinto eziphoqelekile) kwiWudhu

1. Ukugeza ubuso bonke kusukela lapho kuqala khona izinwele kufike ngaphansi kwesilevu kusukela endlebeni kuya kwenye.
2. Ukugeza izingalo zombili kuze kufike ezindololwaneni.
3. Ukusula ikota yekhanda ngezandla ezimanzi.
4. Ukugeza izinyawo zombili kanye namaqakala.

Indlela eyiSunnah yokwenza iWudhu (Practical)

1. Bheka kwiKiblah ngesikhathi wenza iWudhu.
2. Yenza inhloso yeWudhu.
3. Yisho iDua بِسْمِ اللَّهِ وَالْحَمْدُ لِلَّهِ
4. Geza izandla zombili kufike ezihlakaleni.
5. Xubha ngeMiswak.
6. Hahaza umlomo kathathu (sebenzisa isandla sokudla ukufaka amanzi emlonyeni).
7. Faka amanzi emekhaleni ngesandla sokudla kathathu (Kufanela ikhala lihlanzwe ngesandla sokunxele.)
8. Geza ubuso kathathu. (Ubuso bonke kusukela lapho kuqala khona izinwele kufike ngaphansi kwesilevu kusukela endlebeni kuya kwenye. Qinisekisa ukuthi amanzi afinyelela yonke indawo).
9. Hlikihla intshebe. (Ngesandla sokudla).
10. Geza izingalo zombili kufike ezindololwaneni. Qala ngeyesokudla.

11. Yisho iDua ngesikhathi wenza iWudhu.
12. Yenza iKhilal yeminwe. (IKhilal ngukufaka iminwe yalesisandla kweyalesisandla.)
13. Sula lonke ikhanda, izindlebe kanye nengemumva lomqala kanye.
14. Emva kwalokho geza izinyawo kufike emaqakaleni. Qala ngolwesokudla.
15. Yenza iKhilal yezinzwane. Sebenzisa ucikicane wesinxele uqale kucikicane wonyawo lwesokudla.
16. Yisho iDua emva kweWudhu.

Kufanele ngiyenze nini iWudhu?

1. Kufanele ngenze iWudhu ngaphambi kokwenza iSalah.
2. Kufanele ngenze iWudhu ngaphambi kokuphatha noma ukuthinta iKur'an noma ivesi leKur'an.
3. Kufanele ngenze iWudhu ngaphambi kokwenza iTawaf yeKa'bah.
4. Kufanele ngenze iWudhu ngaphambi kokwenza iSajda-tu-tilawat.

Izenzo eziphula iWudhu

Zingu 9 izenzo eziphula iWudhu

1. Ukuzikhulula. (umchamo noma indle)
2. Ukusuza.
3. Ukuvuza kobomvu noma igazi emzimbeni.
4. Ukuphalaza umphalazo ongagcwala umlomo.
5. Ukulala ubuthongo wencikile.
6. Ukuquleka.
7. Ukulahlekelwa umqondo (ukuhlanya).
8. Ukudakwa.
9. Ukuhleka kuzwakale usemthandazweni.

Kwenye iHadith kuthiwa: “Ngesikhathi umuntu enza iWudhu, egeza ubuso, zonke lezozono azenze ngamehlo akhe, ziwa kanye namaconsi amanzi abegeza ngawo. Ngesikhathi egeza izandla zonke lezozono azenze ngezandla zakhe, ziwa kanye namaconsi amanzi abegeza ngawo. Ngesikhathi egeza izinyawo zonke lezozono azenze ngezinyawo zakhe, ziwa kanye namaconsi amanzi abegeza ngawo, aze abe msulwa kuzo zonke izono.”

Ghusl (Ukugeza umzimba)

Incazelo: IGhusl ichaza ukugeza umzimba wonke ngendlela esayikhonjiswa nguMprofethi wethu uMuhammad (Sallallahu alayhi wasallam).

AmaFaraidh eGhusl

Zintathu izenzo ezingamaFaraidh (eziphoqelekile) kwiGhusl:

1. Ukuhahaza umlomo.
2. Ukugeza amakhala ngaphakathi kuze kufike ethanjeni.
3. Ukugeza umzimba wonke ungashiya ngxenye yomile.

Indlela eyiSunah yokwenza iGhusl

1. Yenza inhloso (Niyyah).
2. Geza izandla kuze kufike ezihlakaleni kathathu.
3. Geza iNajasat (ukungcola) esemzimbeni.
4. Yenza istinja. (i.e. geza izitho zangasese).
5. Yenza iWudhu ngendlela yeSunah.
6. Thela amanzi ekhanda kathathu, uthela ehlombe lesokudla kathathu bese uthela kwelesokunxele kathathu.
7. Hlikihla umzimba wonke.
8. Qinisekisa ukuthi ayikho ingxenye yomzimba eyomile.

IAdaab yeGhusl

1. Gezela endaweni ehlanzekile.
2. Gezela endaweni esesithe i.e. lapho ungeke ubonwe muntu khona.
3. Qinisekisa ukuthi iAurah (lezozingxenywe zomzimba okufanele zihlale zemboziwe) yemboziwe uma ugeza phambi kwabantu.
4. Zikhulule ngaphambi kokwenza iGhusl. Akufanele uchame lapho ugezela khona.
5. Sebenzisa insipho noma okunye okungahlanza umzimba ngendlela.

UHadhrrat Anas (RA) uthi uRasulullah (Sallallahu alayhi wasallam) wathi: “Anas! Gezisisa uma wenza iGhusl yeJanaba. Uma ukwenza lokho uyophuma kuleyondawo obugezela kuyo zihlanzwe zonke izono zakho.” Ngabuza ngathi: “Rasulullah ! Kugezisiswa kanjani ?” Wathi, “Kufanele umanzise ngisho imisuka yezinwele uhlanzise nomzimba.”

SALAAH

Imivuzo yeSalah

1. ISalah ingukhiye waseJannah.
2. ISalah iyona ehlukana phakathi kweMuslim nomuntu ongelona iMuslim.
3. UAllah Ta'ala uzosithanda uma senza imithandazo emihlanu yosuku.
4. ISalah iyosiphephisa ekujezisweni kwasethuneni.

Amagama nezikhathi zemithandazo yosuku emihlanu

1. **Fajr** - Umthandazo wasentathakusa. Isikhathi sawo ihora nemizuzu engu20 (1hr 20min) ngaphambi kokuphuma kwelanga. Qaphela: Akufanele iAsr ibanjezelwe kuze kusondele isikhathi sokuphuma kwelanga.
2. **Dhuhr** - Umthandazo wasemini. Wenziwa seyidlulile ingxenye yosuku (emva kuka $\pm$ 12:15pm) hhayi kodwa uma ilanga lisephezulu (zawal).
3. **Asr** - Umthandazo wantambama. Wenziwa sekusele ihora nohhafu kushona ilanga. Qaphela: Akufanele iAsr ibanjezelwe kuze kusondele isikhathi sokushona kwelanga.
4. **Maghrib** - Umthandazo wokushona kwelanga. Wenziwa ngokushesha emva kokushona kwelanga.
5. **Isha** - Umthandazo wasebusuku. Wenziwa uma sekumnyama.

Imithetho yeSalah

Kunemibandela eyisikhombisa yeSalah.

Ngaphambi kokwenza iSalah, kufanele siqinisekise ukuthi:

1. Izingubo zethu zihlanzekile.
2. Imizimba yethu ihlanzekile.
3. Indawo esizothandazela kuyo ihlanzekile.
4. Kufanele sibheke kwiKiblah.
5. IAurah imboziwe.
6. Inhloso yethu ilungile.
7. Sine Wudhu.

Qaphela: IAurah yowesilisa isuka enkabeni kuya emadolweni kowesifazane ngumzimba wonke ngaphandle kwezandla, ubuso nezinyawo.

Kubalulekile

Akuvumelekile ukuba abantu besilisa bagqoke amabhulukwe ahusha ngezansi kwamaqakala ikakhulukazi emthandazweni.

Izenzo eziphula umthandazo

Lezizenzo ezilandelayo ziyawuphula umthandazo:

1. Ukuphuka kweWudhu.
2. Ukukhuluma emthandazweni.
3. Ukuphendula isifuba singabheki kwiKiblah.
4. Ukudla noma ukuphuza uthandaza.

AmaFaraidh eSalah

Angu 6 amaFaraidh kwiSalah.

1. Takbir-tu-Tahrimah (iTakbir yokuqala)
2. Kiyam (Ukuma)
3. Kirat (ukuhaya iKur'an)
4. Ruku (ukugoba)
5. AmaSajdah omabili (ukuguqa)
6. Kadah Akhirah (ukuhlala kokugcina)

Indlela yokwenza umthandazo (Practical)

Umthandazo wenziwa kanje:

Izingubo kufanele zihlanzeke. Ube neWudhu bese uma endaweni ehlanzekile ubheke kwiKiblah. Yenza inhloso. Phakamisa izandla zombili zifike ezindlebeni izintende zibheke kwiKiblah bese uthi: Allahu Akbar. Goqa izandla uzibeke ngaphansi kwenkaba.

Akufanele uqalaze ngesikhathi wenza umthandazo. Yima ngenhlonipho ubhekise umqondo wakho kuAllah Ta'ala.

Emva kwalokho yisho iThanaa:

سُبْحَانَكَ اللَّهُمَّ وَبِحَمْدِكَ وَتَبَارَكَ اسْمُكَ وَتَعَالَى جَدُّكَ

وَلَا إِلَهَ غَيْرُكَ

Sub-haa-na-kal-laa-hum-ma / wa bi-ham-di-ka / wa ta-baa-ra-ka s-
mu-ka / wa ta'aa-laa jad-du-ka / wa laa-i-laa-ha ghai-ruk

Yisho iTa'awudh:

أَعُوذُ بِاللَّهِ مِنَ الشَّيْطَانِ الرَّجِيمِ

A-'u-dhu / -billa-hi / -mi-nash / -shay-taa-nir /-rajim.

Yisho iTasmiya:

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَنِ الرَّحِيمِ

Bis-mil-laa / -hir-rah-maa / -nir-ra-him

Manje yisho iSurah Fatiha (Alhamdu). Uma uqeda iSurah Fatiha, yithi "Amin" buthuli. Emva kwalokho yisho noma iyiphi iSurah oyaziyo bese uthi Allahu Akbar wenze iRuku. KwiRuku bamba amadolo ngezandla.

Yisho iTasbih yeRuku kathathu:

سُبْحَانَ رَبِّيَ الْعَظِيمِ

Sub-haa-na / rab-bi-yal / 'a-dhim.

Sukuma usho iTasmi':

سَمِعَ اللَّهُ لِمَنْ حَمِدَهُ

Sa-mi-'Al laa-hu / li-man / ha-mi-dah.

Uma usumile kwiKowma yisho iTahmid:

رَبَّنَا لَكَ الْحَمْدُ

‘Rab-ba-naa / -la-kal hamd.

Yisho iTakbir, uguqe ngamadolo bese ubeka phansi izandla, ikhala ugcine ngesiphongo, wenze iSajdah.

KwiSajdah yisho leTasbih kathathu:

سُبْحَانَ رَبِّيَ الْأَعْلَى

Sub-haa-na / rab-bi-yal / ‘a’-laa.

Emva kwalokho yisho iTakbir bese uyavuka uhlale kwiJalsa. Kufanele uhlale phezu konyawo lwesokunxele olwesokudla lume izinzwane zibheke kwiKiblah.

Phinda iTakbir uphinde wenze iSajda njengasekuqaleni. Uma uqeda iSajda yesibili usuqede iRakah eyodwa. Emva kweSajda yesibili sukuma ume ngaphandle kukubambeleva phansi ngezandla.

Manje iRakah yesibili isizoqala njengeyokuqala.

Yisho iTasmiyah, Alhamdu kanye neSurah, yenza iRuku, Kowma kanye namaSajdah amabili. Emva kweSajda yesibili ungasukumi, kodwa hlala phansi wenze iTashahud.

Tashah-hud:

التَّحِيَّاتُ لِلَّهِ وَالصَّلَوَاتُ وَالطَّيِّبَاتُ السَّلَامُ عَلَيْكَ أَيُّهَا
النَّبِيُّ وَرَحْمَةُ اللَّهِ وَبَرَكَاتُهُ السَّلَامُ عَلَيْنَا وَعَلَى عِبَادِ اللَّهِ
الصَّالِحِينَ أَشْهَدُ أَنْ لَا إِلَهَ إِلَّا اللَّهُ وَأَشْهَدُ أَنَّ مُحَمَّدًا
عَبْدُهُ وَرَسُولُهُ

'At-ta-hiy-yaa-tu / lil-laa-hi / was sa-la-waa-tu / wat tay-yi-baa-tu
/ 'as-sa-laa-mu / 'a-lay-ka / 'ay-yu-han na-biy-yu / wa rah-ma-tul-
laa-hi / wa ba-ra-kaa-tu-hu / 'as-sa-laa-mu 'a-lay-naa / wa 'a-laa /
'i-baa-dil laa / -his saa-li-heen. / 'Ash-ha-du 'a laa'i-laa-ha 'il-lal-
laa-hu / wa 'ash-ha-du 'an-na mu-ham-ma-dan / 'ab-du-hoo war a-
soo-luh

Durood-e-Ebrahim:

اَللّٰهُمَّ صَلِّ عَلَى مُحَمَّدٍ وَعَلَى اٰلِ مُحَمَّدٍ كَمَا صَلَّيْتَ
عَلَى اِبْرٰهِيْمَ وَعَلَى اٰلِ اِبْرٰهِيْمَ اِنَّكَ حَمِيْدٌ مَّجِيْدٌ
اَللّٰهُمَّ بَارِكْ عَلَى مُحَمَّدٍ وَعَلَى اٰلِ مُحَمَّدٍ كَمَا بَارَكْتَ
عَلَى اِبْرٰهِيْمَ وَعَلَى اٰلِ اِبْرٰهِيْمَ اِنَّكَ حَمِيْدٌ مَّجِيْدٌ

'Al-laa-hum-ma / sal-li 'a-laa / mu-ham-ma-diw / wa 'a-laa 'aa-li /
 mu-ham-ma-din / ka-maa sal-lay-ta / 'a-laa ib-raa-hee-ma wa 'a-
 laa aa-li 'ib-raa-hee-ma / in-na-ka ha-mee-dum ma-jeed./
 'al-laa-hum-ma / baa-rik 'a-laa / mu-ham-ma-diw / wa 'a-laa aa-li /
 mu-ham-ma-din / ka-maa baa-rak-ta / 'a-laa ib-raa-hee-ma / wa
 'a-laa 'aa-li ib-raa-hee-ma / in-na-ka ha-mee-dum ma-jeed.

IDua emva kweDurood-e-Ebrahim:

اَللّٰهُمَّ اِنِّیْ ظَلَمْتُ نَفْسِیْ ظُلْمًا کَثِیْرًا وَلَا یَغْفِرُ الذُّنُوْبَ اِلَّا
 اَنْتَ فَاغْفِرْ لِیْ مَغْفِرَةً مِّنْ عِنْدِكَ وَارْحَمْنِیْ اِنَّکَ اَنْتَ
 الْغَفُوْرُ الرَّحِیْمُ

'Al-laa-hum-ma / in-nee za-lam-tu / naf-see zul-man / ka-see-ra
 wa laa/ yagh-fi-ruz zunoo-ba / il-laa an-ta / fagh-fir lee / magh-fi-
 ra-tam min in-di-ka / war-ham-nee / in-na-ka / 'an-tal gha-foo-rur
 ra-heem/.

Qeda ngokwenza iSalaam:

اَلسَّلَامُ عَلَیْکُمْ وَرَحْمَةُ اللّٰهِ

As-sa-laa-mu 'a-lay-kum / wa rahma-tul laah

Jikisa ikhanda ubheke kwesokudla wenze iSalaam bese ulijikisa futhi
 ubheke kwesokunxele wenze iSalaam.

Emva kweSalaam, yenza iDua ucele kuAllah Ta'ala ukuba afeze izidingo zakho.

Indlela yokwenza iDua ukuba uphakamise izandla ziqondane nesifuba uzivule zibheke phezulu, ukhangeze. Uma usuqede iDua sula ubuso ngezandla.

Umehluko emthandazweni wabesifazane

1. Takbira -tu- Tahrima (iTakbir yokuqala)

- Owesifazane kufanele aphakamise izandla zifike emahlombe kodwa angazivezi i.e. kufanele zihlale ngaphansi kweBurkah.
- Akufanele agobise ikhanda.

2. Kiyam (ukuma)

- Kufanele ahlanganise izinyawo. Izandla azibeke esifubeni esokudla sibe phezulu kwesokunxele.
- Akufanele izandla azibeke ngezansi kwenkaba (njengamadoda).

3. Ruku (Ukugoba)

- Kufanele agobe kancane nje ngendlela yokuthi akwazi ukuthinta amadolo ngeminwe.
- Iminwe nezinyawo kufanele kuhlale kuhlangene.
- Kufanele aqinisekise ukuthi izindololwane zakhe zincika emzimbeni.

4. Sajdah (Ukuguqa)

- Kafanele isisu namathanga kuhlangane, izingalo zilale phansi bese kuthi izinyawo zilale zibheke kwesokudla.

- Iminwe yakhe kufanele ibheke kwiKiblah.

5. Ka'dah (Ukuhlala phansi)

- Akufanele ahlale phezu konyawo lwesokunxele (njengamadoda) kumele ahlale phansi.
- Kufanele izinyawo zilale phansi zibheke kwesokudla.
- Zombili izandla kufanele zihlale emathangeni iminwe ihlangane.

Akufanele abantu besifazane baphimisele uma besho imithandazo kwiSalah

UHadhrat Abu Hurairah (RA) uthi uRasulullah (sallallahu alayhi wasallam) wabuza amaSahaba ngelinye ilanga wathi: "Uma nicanbanga kungahlala yini ukungcola kumuntu ogeza kahlanu ngosuku emfuleni odlula phambi komuzi wakhe?" 'Cha', kuphendula amaSahaba. 'Akukho kungcola okungahlala emzimbeni wakhe.' UMprofethi (sallallahu alayhi wasallam) wathi: 'Unjalo-ke nomphumela womthandazo owenziwe kahlanu ngosuku. Ngomusa kaAllah Ta'ala uhlanza zonke izono.'"

Fardh: Into ephoqelekile eshiwo nguAllah Ta’ala kwi Kur’an.

Wajib: Into ephoqelekile kodwa elandela kwiFardh.

Sunnah: Izenzo ezenziwa noma ezamukelwa nguRasulullah ﷺ.

Sunnat Muakadah: Lezozenzo uRasulullah ﷺ ayezenza njalo.

Sunnat Ghair Muakadah: Lezozenzo uRasulullah ﷺ ayengazenzi njalo.

Mustahab: Kuyancomeka.

Nafil: Izenzo okuthi uma uzenza uthole umvuzo kodwa uma ungazensi akukho sono.

Makruh: Izenzo ezimbi okufanele sizigweme.

Halaal: Izenzo ezivumelekile. / e.g. ukudla okuvumelekile

Haraam: Izenzo ezingavumelekile. / e.g. ukudla okungavumelekile

Ishadi leSalah

Igama leSalah	NGAPHAMBI KWEFARDH		Fardh	EMVA KWEFARDH				
	SGM	SM		SM	Nafli	Waaajib	Nafli	TOTAL
Fajr	-	2	2	-	-	-	-	4
Dhuhr	-	4	4	2	-	-	-	12
Asr	4	-	4	-	-	-	-	8
Maghrib	-	-	3	2	-	-	-	7
Isha	4	-	4	2	2	3	2	17
Tarawih	-	-	-	20	-	-	-	20
Jumuah	-	4	2	4+2	2	-	-	14
Eid	-	-	-	-	-	2	-	2
Janazah	AmaTakbir amane kuphela. Ayikho iAdhan, Ikamah namaRak'at.							
SM = Sunnat Muakkadah SGM = Sunnat Ghair Muakkadah								

تاریخ

UMLANDO

(Umlando welslam)

UMprofethi wethu uMuhammad ﷺ

ISIFUNDO SOKUQALA

1. UMprofethi wethu uMuhammad (Sallallahu alayhi wasallam) wazalwa eminyakeni engu570 emva kukaMprofethi ulsa (Alayhis salaam) (uMprofethi uJesu).
2. Wazalwa ngoMsombuluko mhlaka12 kuRabiul Awwal 570.
3. UnguMprofethi kaAllah Ta'ala wokugcina.
4. Akekho uMprofethi oyofika emva kwakhe.

ISIFUNDO SESIBILI

1. Igama likamama woMprofethi wethu uMuhammad (Sallallahu alayhi wasallam) kwakunguAmina.
2. Ubaba wakhe kwakunguAbdullah.
3. Umkhulu wakhe kwakunguAbdul Muttalib.
4. Ubabomncane wakhe kwakunguAbu Talib.

ISIFUNDO SESITHATHU

1. Kusukela esemncane, uMuhammad (Sallallahu alayhi wasallam) wayeziphethe kahle.
2. Wayenomusa, enozwelo ethembekile.
3. Wayebizwa ngokuthi ngu Al Ameen,(Othembekile).
4. Akazange enze mikhuba emibi futhi akazange aqambe manga.
5. Wonke umuntu wayemthanda uMuhammad (Sallallahu alayhi wasallam).

ISIFUNDO SESINE

1. UMprofethi wethu uMuhammad (sallallahu alayhi wasallam) washada eneminyaka engu 25.
2. Washada noKhadijah (radhiallahu anha).
3. UMuhammad (sallallahu alayhi wasallam) wayenamadodakazi amane namadodana amathathu.

ISIFUNDO SESIHLANU

1. Amagama amadodakazi akhe kwakungo Zaynab, Rukeyah, Umm-ul-Kulthum noFatima (radhiallah an hunna).
2. Amagama amadodana akhe kwakungo Qasim, Ibrahim noAbdullah. (radhiallahu anhum)
3. UMuhammad (sallallahu alayhi wasallam) waba nguMprofethi eseneminyaka engu 40.
4. Umyalezo kaAllah Ta'la waletswa ingelosi uJibrail (alayhis salaam) kuyena.
5. UMuhammad (sallallahu alayhi wasallam) wabe eseqala ukudlulisela umyalezo kaAllah Ta'ala kubobonke abantu.
6. Abantu baqala ukwamukela iIslam.

ISIFUNDO SESITHUPHA

1. Abantu abangakhulwa baseMakkah bazama ukuvimba uMuhammad (sallallahu alayhi wasallam) ekushumayeleni iIslam.
2. Bamshaya ngamatshe bachitha ameva endleleni ahamba kuyo kodwa uMuhammad (sallallahu alayhi wasallam) waqhubeka wabakhulekela.

ISIFUNDO SESIKHOMBISA

1. Abantu abambalwa baseMadinah bamukela iIslam.
2. Idolobha laseMadinah lingamakhilomitha angu400 ukusuka eMakkah.
3. UMhammad (sallallahu alayhi wasallam) wathutha waya eMadinah.

ISIFUNDO SESISHIYAGALOMBILI

1. UProfethi wethu uMhammad (sallallahu alayhi wasallam) wayebathanda abantu abahluphekayo.
2. UMhammad (sallallahu alayhi wasallam) wayengathandi ukudla kakhulu.
3. UMhammad (sallallahu alayhi wasallam) wayedlela futhi elala phansi.

ISIFUNDO SESISHIYAGALOLUNYE

1. UProfethi wethu uMhammad (sallallahu alayhi wasallam) washona ngoMsombuluko.
2. UMhammad (sallallahu alayhi wasallam) washona eseneminyaka engu 63.
3. Wangcwatshwa eMadinah.

ISIFUNDO SESHUMI

1. Kufanele ngasosonke isikhathi sisho iDurud Sharif.
2. Lokhu sikwenza ngokuba sithi :“Sallallahu alayhi wasallam” ngasosonke isikhathi uma sizwa igama lakhe. Lokhu kuchaza ukuthi, “Oh Allah yehlisa umusa wakho okhethekile nezibusiso kuMuhammad (sallallahu alayhi wasallam).”
3. Kufanele sijwayele ukusho iDurud sharif kakhulukazi ngolwesihlanu.

ISIFUNDO SESHUMI NANYE

1. Siyamthanda uMprofethi wethu uMuhammad (sallallahu alayhi wasallam).
2. Sizama ukumlingisa kuyoyonke into esiyenzayo.
3. Uyena oyisibonelo sethu.

***Oh Allah yenza ukuba uMprofethi wethu
uMuhammad (sallallahu alayhi wasallam)
simthande ngaphezu kwayoyonke into.
Amin.***

أَمَادُ

AMADUA

1.

Kalima Tayyibah

لَا إِلَهَ إِلَّا اللَّهُ مُحَمَّدٌ رَّسُولُ اللَّهِ

Laa i-laa-ha / il-lal-laa-hu / mu-ham-ma-dur / ra-soo-lullah

Akekho ofanelwe ukukhonzwa ngaphandle kukaAllah Ta'ala, uMuhammad (sallallahu alayhi wasallam) uyisithunywa sikaAllah Ta'ala.

2.

Kalima Shahadah

أَشْهَدُ أَنْ لَا إِلَهَ إِلَّا اللَّهُ وَأَشْهَدُ أَنَّ

مُحَمَّدًا عَبْدُهُ وَرَسُولُهُ

Ash-hadu al / laa / i-laa-ha / il-lal-laa-hu / wa ash-ha-du / an-na /
mu-ham-ma-dan / ab-du-hoo / wa ra-soo-luh.

Ngiyafakaza ukuthi akekho ofanelwe ukukhonzwa ngaphandle kukaAllah Ta'ala futhi ngiyafakaza ukuthi uMuhammad (sallallahu alayhi wasallam) uyisithunywa nenceku kaAllah Ta'ala.

3.

Kalima Tamjid

سُبْحَانَ اللَّهِ وَالْحَمْدُ لِلَّهِ وَلَا إِلَهَ إِلَّا اللَّهُ وَاللَّهُ أَكْبَرُ وَلَا
 حَوْلَ وَلَا قُوَّةَ إِلَّا بِاللَّهِ الْعَلِيِّ الْعَظِيمِ

Sub-haa-nal-laa-hi / wal ham-du-lil-laa-hi / wa-laa i-laa-ha / il-lal-
 laa-hu / wal-laa-hu-ak-bar / wa-laa haw-la / wa-laa quw-wa-ta / il-
 laa / bil-laa-hil / a-liyyil 'a-zeem.

UAllah Ta'ala umsulwa akanamaphutha, lonke udumo lufanele
 uAllah Ta'ala kuphela. Akekho ofanelwe ukukhonzwa ngaphandle
 kukaAllah Ta'ala. UAllah mkhulu kunayoyonke into. Awekho
 amandla ngaphandle kwawakhe.

4.

Kalima Tauhid

لَا إِلَهَ إِلَّا اللَّهُ وَحْدَهُ لَا شَرِيكَ لَهُ لَهُ الْمُلْكُ وَلَهُ
 الْحَمْدُ يُحْيِي وَيُمِيتُ بِيَدِهِ الْخَيْرُ وَهُوَ عَلَى كُلِّ
 شَيْءٍ قَدِيرٌ

Laa i-laa-ha / il-lal-laa-hu / wah-da-hoo / laa sha-ree-ka la-hoo / la-
 hul mul-ku / wa-la-hul ham-du / yuh-yee wa-yu-mee-tu / bi-ya-di-
 hil khai-ru / wa-hu-wa 'a-laa kul-li / shay-in qa-deer.

Akekho ofanele ukukhonzwa ngaphandle kukaAllah Ta’ala. Munye. Akanamsizi. Ubukhosi nodumo lonke ngolwakhe. Upha impilo nokufa. Ubuhle bonke busezandleni zakhe. Ubusa zonke izinto.

5.

Kalima Rad-de-Kufr

اَللّٰهُمَّ اِنِّيْ اَعُوْذُ بِكَ مِنْ اَنْ اُشْرِكَ بِكَ شَيْئًا وَّ اَنَا
 اَعْلَمُ بِهِ وَاَسْتَغْفِرُكَ لِمَا لَا اَعْلَمُ بِهِ تُبْتُ عَنْهُ وَتَبَرَّأْتُ
 مِنَ الْكُفْرِ وَالشِّرْكِ وَالْمَعَاصِي كُلِّهَا اَسْلَمْتُ وَاَمَنْتُ
 وَاَقُوْلُ لَا اِلَهَ اِلَّا اللهُ مُحَمَّدٌ رَّسُوْلُ اللهِ

Al-laa-hum-ma / in-nee a-'oo-zu bi-ka / min an ush-ri-ka / bi-ka
 shay-aw / wa'a-na a'-la-mu / bi-hee wa as-tagh-fi-ru-ka / li-maa laa
 a'la-mu / bi-hee; tub-tu / 'an-hu wa ta-bar-ra'tu / mi-nal kuf-ri /
 wash-shir-ki / wal ma-'aa-see / kul-li-haa / as-lam-tu / wa aa-man-
 tu / wa-a-qoo-lu / laa i-laa-ha / il-lal-laa-hu / mu-ham-ma-dur / ra-
 soo-lul-laah.

Oh Allah, ngicela ungivikele ekukubhangqeni nabanye ngenhloso. Ngicela ungixolele kulokho engikwenze ngingazi. Ngiyazisola ngakho. Ngiyaziqhelelanisa nokukubhangqa nabasizi nanokwenza izono. Ngithobela intando yakho. Ngikholwa ukuthi: Akekho ofanelwe ukukhonzwa ngaphandle kukaAllah Ta’ala, uMuhammad (Sallallahu alayhi wasallam) uyisithunywa sikaAllah Ta’ala.

6.

Imaani Mujmal

أَمَنْتُ بِاللَّهِ كَمَا هُوَ بِأَسْمَائِهِ وَصِفَاتِهِ

وَقَبِلْتُ جَمِيعَ أَحْكَامِهِ

Aa-man-tu / bil-laa-hi / ka-maa hu-wa / bi-as-maa-i-hee / wa si-
faa-ti-hee / wa qa-bil-tu / ja-mee-'a / ah-kaa-mi-hee.

Ngikholwa nguAllah Ta'ala, enjengoba enjalo namagama akhe kanye nobunjalo bakhe futhi ngemukela yonke imithetho yakhe.

7.

Imaani Mufassal

أَمَنْتُ بِاللَّهِ وَمَلَائِكَتِهِ وَكُتُبِهِ وَرُسُلِهِ وَالْيَوْمِ الْآخِرِ

وَالْقَدَرِ خَيْرِهِ وَشَرِّهِ مِنَ اللَّهِ تَعَالَى وَالْبَعْثِ بَعْدَ

الْمَوْتِ

Aa-man-tu / bil-laa-hi / wa ma-laa-i-ka-ti-hee / wa ku-tu-bi-hee /
wa ru-su li-hee / wal yau-mil aa-khi-ri / wal qad-ri khai-ri-hee / wa
shar-ri-hee / mi-nal laa-hi ta-'aa-laa / wal ba'-si / ba'-dal maut.

Ngiyakholwa nguAllah ﷻ, izingelosi zakhe, imibhalo yakhe, izithunywa zakhe, usuku lokugcina, iTaqdîr, ukuthi konke okuhle nokubi kuvela kuAllah ﷻ, ophezulu kakhulu kanye nempilo emva kokufa. (Taqdîr: Ukuthi yonke into eyenzekayo idalwe nguAllah)

8.

Ta`awuz

أَعُوذُ بِاللَّهِ مِنَ الشَّيْطَانِ الرَّجِيمِ

A-oo-zu / -billa-hi / -mi-nash / -shay-taa-nir / -rajeem.

Ngicela uAllah Ta'ala angivikele kuSathane, oqalekisiwe.

9.

Tasmiya

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَنِ الرَّحِيمِ

Bis-mil-laa / -hir-rah-maa / -nir-ra-heem

Egameni likaAllah Ta'ala, onomusa, onesihawu.

10.

Ngaphambi kokwenza noma ngabe yini yithi

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَنِ الرَّحِيمِ

Bis-mil-laa / -hir-rah-maa / -nir-ra-heem

Egameni likaAllah Ta'ala, onomusa, onesihawu.

11.

Uma ungena ekhaya noma uhlangana neMuslim, yithi

اَلْسَّلَامُ عَلَيْكُمْ وَرَحْمَةُ اللهِ وَبَرَكَاتُهُ

As-sa-laa-mu / 'a-lay-kum / wa rah-ma-tul laa-hi / wa ba-ra-kaa-tuh.

Ukuthula nezibusiso zikaAllah Ta'ala makube nani.

12.

Ukuphendula uma ubingelelwa

وَعَلَيْكُمُ السَّلَامُ وَرَحْمَةُ اللهِ وَبَرَكَاتُهُ

Wa 'a-lay-ku-mus / sa-laam / wa rah-ma-tul laa-hi/ wa ba-ra-kaa-tuh.

Nani ukuthula nezibusiso zikaAllah Ta'ala makube kini.

13.

IDua ngaphambi kokungena etoilet

Ngaphambi kokungena etoilet, faka isigqoko bese ungena etoilet ngonyawo lwesinxele. Yisho uBismillah bese usho leDua.

اَللّٰهُمَّ اِنِّيْ اَعُوْذُ بِكَ مِنَ الْخُبْثِ وَالْخَبَائِثِ

Allaa-hum-ma / 'in-nee / 'a-'oo-zu bi-ka / mi-nal / khu-bu-si / wal kha-baa-is.

O Allah ﷻ, Ngicela ungivikele koShaitan besilisa nabesifazane.

14.

IDua uma uphuma etoilet

Phuma ngonyawo lwesokudla bese usho leDua:

غُفْرَانِكَ الْحَمْدُ لِلَّهِ الَّذِي أَذْهَبَ عَنِّي الْأَذَى
وَعَافَانِي

Ghuf-raa-naka. / 'Al-ham-du / lil-laa-hil / la-zee / az-ha ba / 'an-nil
a-zaa / wa 'aa-faa-nee.

Ngicela uxolo. Lonke udumo lufanele uAllah Ta'ala osuse lokho obekungikhathaza wangipha inkululeko.

15.

Ngesikhathi ulala

Lala ngohlangothi lwesokudla bese usho leDua:

اَللّٰهُمَّ بِاِسْمِكَ اَمُوْتُ وَاَحْيٰى

'Al-laa-hum-ma / bis-mi-ka / a-moo-tu / wa ah-yaa.

O Allah Ta'ala, Ngifa ngiphile egameni lakho.

16.

IDua yokuvuka

اَلْحَمْدُ لِلَّهِ الَّذِيْ اَحْيَاْنَا بَعْدَ مَا اَمَاتَنَا وَاِلَيْهِ النُّشُوْرُ

'Al-ham-du / lil-laa-hil la-zee / ah-yaa-naa / ba'da maa / amaa-ta-
naa / wa i-lay-hin / nu-shoor.

Lonke udumo lufanele uAllah Ta’ala osiphe impilo emva kokufa futhi isiphetho sethu sikuye.

17. IDua ngaphambi kokudla

Emva kokugeza izandla yisho leDua bese udla ngesandla sokudla.

بِسْمِ اللَّهِ وَعَلَى بَرَكَاتِهِ

Bis-mil-laa / -hi wa 'a-laa / ba-ra-ka-til laah.

Egameni likaAllah Ta’ala nangezibusiso zikaAllah Ta’ala.

18. IDua emva kokudla

Emva kokudla kotha iminwe bese usho leDua:

الْحَمْدُ لِلَّهِ الَّذِي أَطْعَمَنَا وَسَقَانَا وَجَعَلَنَا مِنْ

الْمُسْلِمِينَ

'Al-ham-du / lil-laa-hil / la-zee / at-'a-ma-naa / wa sa-qaa-naa / wa
ja-'a-la-naa / mi-nal / mus-li-meen.

Lonke udumo lufanele uAllah Ta’ala osiphe ukudla nokuphuzwayo futhi wasenza amaMuslim.

19.

Uma ukhohliwe ukusho uBismillah ngaphambi kokudla:

بِسْمِ اللَّهِ أَوَّلُهُ وَ آخِرُهُ

Bis-mil-laa / -hi-awwa-la-hu / -wa-aa-khi-ra-hu

Egameni likaAllah Ta'ala ekuqaleni nasekupheleni.

20.

IDua emva kweAdhan

اَللّٰهُمَّ رَبَّ هَذِهِ الدَّعْوَةِ التَّامَّةِ وَالصَّلٰوةِ الْقَائِمَةِ اِنِّ

مُحَمَّدٌ الْوَسِيْلَةُ وَالْفَضِيْلَةُ وَاَبْعَثْهُ مَقَامًا مَّحْمُوْدًا

الَّذِي وَعَدْتَهُ اِنَّكَ لَا تُخْلِفُ الْمِيْعَادَ

'Al-laa-hum-ma / Rabba haazihid / da 'watit / taammati / was
salaatil / qaa imati, / aati / Muhammadanil / wasilata / wal
fadheelata /, wab 'ashu / maqaamam / mahmooda nillazi / wa
'adtahu, / innaka / la tukhliful / mee 'aad.

O Allah Ta'ala! Nkosi yalesisimemezelo esiphelele nalomthandazo ongunaphakade, yipha uMuhammad (Sallallahu alayhi wasallam) iWasilah nesikhundla, umphakamisele kuleyondawo ephakeme

owamthembisa yona. Ngempela wena awusiphuli isethembiso.
(wasilah: indawo ethile yaseJannah)

Labo abasho leDua njalo emva kweAdhan bathenjiswa
ukukhulunyelwa nguRasulullah (Sallallahu Alayhi Wasallam)
ngosuku lokwahlulela.

21.

Durud Shareef

اَللّٰهُمَّ صَلِّ عَلٰى سَيِّدِنَا مُحَمَّدٍ وَ عَلٰى اٰلِ سَيِّدِنَا
مُحَمَّدٍ وَ بَارِكْ وَ سَلِّمْ

Allah-hum-ma / -sal-li-'a-laa / -sayyi-di-naa / -muhamma-dieu / -
wa-'a-laa / -aa-li-sayyi-di-naa / -muhamma-diw / -wa-baa-rik / -wa-
sal-lim.

O Allah Ta'ala, yehlisela umusa wakho okhethekile kuHadhrat
Muhammad (Sallallahu alayhi wasallam) nasemndenini kaHadhrat
Muhammad (Sallallahu alayhi wasallam) ubabusise.

Lowo osho iDurud eyodwa, uAllah Ta'ala umehlisela izibusiso
ezilishumi nezingelosi zimenzela iDua. Zonke izono zabo
ziyaxolewa, izikhundla zabo ziyaphakanyiswa, bathola
izibusiso ezilingana nentaba iUhud futhi uRasulullah ﷺ
uyobakhulumela ngosuku lweKiyama. [Hadith]

22.

Dua Qunoot

اللَّهُمَّ إِنَّا نَسْتَعِينُكَ وَنَسْتَغْفِرُكَ وَنُؤْمِنُ بِكَ وَنَتَوَكَّلُ
 عَلَيْكَ وَنُثْنِي عَلَيْكَ الْخَيْرَ وَنَشْكُرُكَ وَلَا نَكْفُرُكَ وَنَخْلَعُ
 وَنَتْرُكُ مَنْ يَفْجُرُكَ اللَّهُمَّ إِيَّاكَ نَعْبُدُ وَلَكَ نُصَلِّي وَنَسْجُدُ
 وَإِلَيْكَ نَسْعَى وَنَحْفِدُ وَنَرْجُوا رَحْمَتَكَ وَنَخْشَى عَذَابَكَ
 إِنَّ عَذَابَكَ بِالْكَفَّارِ مُلْحِقٌ

'Al-laa-hum-ma / in-naa nas-ta-'ee-nu-ka / wa nas-tagh-fi-ru-ka /
 wa nu-mi-nu bi-ka / wa na-ta-wak-ka-lu 'a-lay-ka / wa nus-nee / 'a-
 lay-kal khair / . Wa nash-ku-ru-ka / wa laa nak-fu-ru-ka / wa nakh-
 la-'u / wa nat-ru-ku / may yaf-ju-ruk. / Al-laa-hum-ma / iy-yaa-ka
 na'-bu-du / wa la-ka / nu-sal-lee / wa nas-ju-du / wa 'i-lay-ka / nas-
 'aa / wa nah-fi-du / wa nar-joo / rah-ma-ta-ka / wa nakh-shaa / 'a-
 zaa-baka. / In-na 'a-zaa-ba-ka / bil kuf-faa-ri / mul-hiq.

O Allah Ta'ala! Sicela usizo lwakho. Sicela usixolele. Siyakholwa
 nguwe. Siyakudumisa ngamandla ethu onke. Siyakubonga.
 Siyaziqhelelanisa nalabo abangakuhloniphi.

O Allah Ta'ala! Siyakukhonza. Sithandaza siguqe kuwe. Sishesha
 sizisondeze kuwe. Sithembele emseni wakho. Sisaba isijeziso sakho.
 Ngempela isijeziso sakho siyafika kulabo abangakholwa.

سور

AMASURAH

Surah Faatiha

اركوعها

٥ الْفَاتِحَةُ مَكِّيَّةٌ سُورَةٌ ١

آياتها

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَنِ الرَّحِيمِ
 الْحَمْدُ لِلَّهِ رَبِّ الْعَالَمِينَ ۝ الرَّحْمَنِ الرَّحِيمِ ۝ مَلِكِ يَوْمِ
 الدِّينِ ۝ إِيَّاكَ نَعْبُدُ وَإِيَّاكَ نَسْتَعِينُ ۝ اهْدِنَا الصِّرَاطَ
 الْمُسْتَقِيمَ ۝ صِرَاطَ الَّذِينَ أَنْعَمْتَ عَلَيْهِمْ ۝ غَيْرِ الْمَغْضُوبِ
 عَلَيْهِمْ وَلَا الضَّالِّينَ ۝

BIS-MIL-LAA-HIR-RAH-MAA-NIR-RA-HEEM

1. AL-HAM-DU-LIL-LAA-HI-RAB-BIL-'AA-LA-MEEN-
2. AR-RAH-MAA-NIR-RA-HEEM-
3. MAA-LI-KI-YAW-MID-DEEN-
4. IY-YAA-KA-NA'-BU-DU-WA-IY-YAA-KA-NAS-TA-'EEN-
5. IH-DI-NAS-SI-RAA-TAL-MUS-TA-QEEM-
6. SI-RAA-TAL-LA-ZEE-NA-AN-'AM-TA-'A-LAY-HIM-
7. GHAY-RIL-MAGH-DHOO-BI-'A-LAY-HIM-WA-
LADH-DHAAALL-LEEN-

Surah Naas

ركوعها ١

سُورَةُ النَّاسِ مَكِّيَّةٌ ١١٢

آياتها ٦

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَنِ الرَّحِيمِ
 قُلْ أَعُوذُ بِرَبِّ النَّاسِ ﴿١﴾ مَلِكِ النَّاسِ ﴿٢﴾ إِلَهِ النَّاسِ ﴿٣﴾ مِنْ
 شَرِّ الْوَسْوَاسِ الْخَنَّاسِ ﴿٤﴾ الَّذِي يُوَسْوِسُ فِي صُدُورِ
 النَّاسِ ﴿٥﴾ مِنَ الْجِنَّةِ وَالنَّاسِ ﴿٦﴾

BIS-MIL-LAA-HIR-RAH-MAA-NIR-RA-HEEM

1. QUL-A-'OO-ZU-BI-RAB-BINN-NAAS-
2. MA-LI-KIN-NAAS-
3. I-LAA-HINN-NAAS-
4. MINN-SHARR-RIL-WAS-WAA-SIL-KHANN-NAAS-
5. AL-LA-ZEE-YU-WAS-WE-SU-FEE-SU-DOO-RINN-NAAS-
6. MI-NAL-JINN-NA-TI-WANN-NAAS-

Surah Falaq

آياتها ٥

سُورَةُ الْفَلَقِ مَكِّيَّةٌ ٢٠

ركوعها ١

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَنِ الرَّحِيمِ
 قُلْ أَعُوذُ بِرَبِّ الْفَلَقِ ﴿١﴾ مِنْ شَرِّ مَا خَلَقَ ﴿٢﴾ وَمِنْ شَرِّ
 غَاسِقٍ إِذَا وَقَبَ ﴿٣﴾ وَمِنْ شَرِّ النَّفَّاثَاتِ فِي الْعُقَدِ ﴿٤﴾ وَمِنْ شَرِّ
 حَاسِدٍ إِذَا حَسَدَ ﴿٥﴾

BIS-MIL-LAA-HIR-RAH-MAA-NIR-RA-HEEM

1. QUL-A-'OO-ZU-BI-RAB-BIL-FA-LAQ-
2. MINN-SHARR-RI-MAA-KHA-LAQ-
3. WA-MINN-SHAR-RI-GHAA-SI-QIN-I-ZAA-WA-QAB-
4. WA-MINN-SHAR-RINN-NAF-FAA-SAA-TI-FIL-'U-QAD-
5. WA-MINN-SHAR-RI-HAA-SI-DIN-I-ZAA-HA-SAD-

Surah Ikhlāas

ركوعها ١

سُورَةُ الْإِخْلَاصِ مَكِّيَّةٌ ٢٢

آياتها ٣

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَنِ الرَّحِيمِ
 قُلْ هُوَ اللَّهُ أَحَدٌ ۝ اللَّهُ الصَّمَدُ ۝ لَمْ يَلِدْ ۝ وَلَمْ يُولَدْ ۝ ۝
 لَمْ يَكُنْ لَهُ كُفُوًا أَحَدٌ ۝

BIS-MIL-LAA-HIR-RAH-MAA-NIR-RA-HEEM

1. QUL-HU-WAL-LAA-HU-A-HAD-
2. AL-LAA-HUS-SA-MAD-
3. LAM-YA-LID-WA-LAM-YOO-LAD-
4. WA-LAM-YA-KUL-LA-HOO-KU-FU-WAN-A-HAD-

Surah Lahab

ركوعها ١

سُورَةُ اللَّهَبِ مَكِّيَّةٌ ٦

آياتها ٥

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَنِ الرَّحِيمِ
 تَبَّتْ يَدَا أَبِي لَهَبٍ وَتَبَّ ۝ مَا أَغْنَىٰ عَنْهُ مَالُهُ وَمَا
 كَسَبَ ۝ سَيَصْلَىٰ نَارًا ذَاتَ لَهَبٍ ۝ وَامْرَأَتُهُ ۝ حَمَّالَةَ
 الْحَطَبِ ۝ فِي جِيدِهَا حَبْلٌ مِّن مَّسَدٍ ۝

BIS-MIL-LAA-HIR-RAH-MAA-NIR-RA-HEEM

1. TAB-BAT-YA-DAAA-A-BEE-LA-HA-BIW-WA-TAB-
2. MAAA-AGH-NAA-'AN-HU-MAA-LU-HOO-WA-MAA-KA-SAB-
3. SA-YAS-LAA-NAA-RAN-ZAA-TA-LA-HAB-
4. WAM-RA-A-TU-HOO-HAM-MAA-LA-TAL-HA-TAB-
5. FEE-JEE-DI-HAA-HAB-LUMM-MIMM-MA-SAD

Surah Nasr

ركوعها ١

سُورَةُ النَّصْرِ مَدَنِيَّةٌ ١١٣

آياتها ٣

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَنِ الرَّحِيمِ
 إِذَا جَاءَ نَصْرُ اللَّهِ وَالْفَتْحُ ۖ وَرَأَيْتَ النَّاسَ يَدْخُلُونَ فِي
 دِينِ اللَّهِ أَفْوَاجًا ۖ فَسَبِّحْ بِحَمْدِ رَبِّكَ وَاسْتَغْفِرْهُ ۚ إِنَّهُ كَانَ
 تَوَّابًا ۝

BIS-MIL-LAA-HIR-RAH-MAA-NIR-RA-HEEM

1. I-ZAA-JAAAA-A-NAS-RUL-LAA-HE-WAL-FATH-
2. WA-RA-AY-TANN-NAA-SA-YAD-KHU-LOO-NA-FEE-
DEE-NIL-LAA-HE-AF-WAA-JAA-
3. FA-SAB-BIH-BE-HAM-DI-RAB-BI-KA-WAS-TAGH-
FIRH-
4. INN-NA-HOO-KAA-NA-TAW-WAA-BAA-

Surah Kaafiroon

ركوعها ١

١٠٩ سُورَةُ الْكَافِرُونَ مَكِّيَّةٌ ١٨

آياتها ٦

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَنِ الرَّحِيمِ
 قُلْ يَا أَيُّهَا الْكَافِرُونَ ﴿١﴾ لَا أَعْبُدُ مَا تَعْبُدُونَ ﴿٢﴾ وَلَا أَنْتُمْ
 عِبُدُونَ مَا أَعْبُدُ ﴿٣﴾ وَلَا أَنَا عَابِدٌ مَّا عَبَدْتُمْ ﴿٤﴾ وَلَا أَنْتُمْ
 عِبُدُونَ مَا أَعْبُدُ ﴿٥﴾ لَكُمْ دِينُكُمْ وَلِيَ دِينِ ﴿٦﴾

BIS-MIL-LAA-HIR-RAH-MAA-NIR-RA-HEEM

1. QUL-YAAA-AY-YOU-HAL-KAA-FI-ROON-
2. LAAA-A'A-BU-DU-MAA-TA'BU-DOON-
3. WA-LAAA-ANN-TUM-'AA-BI-DOO-NA-MAAA-A'A-BUD-
4. WA-LAAA-A-NA-'AA-BI-DUMM-MAA-'A-BAT-TUM-
5. WA-LAAA-ANN-TUM-'AA-BI-DOO-NA-MAAA-A'A-BUD-
6. LA-KUM-DEE-NU-KUM-WA-LI-YA-DEEEN-

Surah Kauthar

ركوعها ١

سُورَةُ الْكَوْثَرِ مَكِّيَّةٌ ١٥

آياتها ٣

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَنِ الرَّحِيمِ
 إِنَّا أَعْطَيْنَكَ الْكَوْثَرَ ﴿١﴾ فَصَلِّ لِرَبِّكَ وَانْحَرْ ﴿٢﴾ إِنَّ شَانِئَكَ
 هُوَ الْأَبْتَرُ ﴿٣﴾

BIS-MIL-LAA-HIR-RAH-MAA-NIR-RA-HEEM

1. INN-NAAA-A'A-TAY-NAA-KAL-KAU-SAR-
2. FA-SAL-LI-LI-RAB-BI-KA-WAN-HAR-
3. INN-NA-SHAA-NI-A-KA-HU-WAL-AB-TAR-

Surah Ma'oon

ركوعها ١

سُورَةُ الْمَاعُونِ مَكِّيَّةٌ ١٠٠

آياتها ٤

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَنِ الرَّحِيمِ
 أَرَأَيْتَ الَّذِي يُكَذِّبُ بِالْإِيمَانِ ۚ فَذَلِكَ الَّذِي يَدْعُ الْيَتِيمَ
 وَلَا يَحُضُّ عَلَى طَعَامِ الْمِسْكِينِ ۚ فَوَيْلٌ لِلْمُصَلِّينَ
 الَّذِينَ هُمْ عَنْ صَلَاتِهِمْ سَاهُونَ ۚ الَّذِينَ هُمْ يُرْءَاوْنَ ۚ وَ
 يَمْنَعُونَ الْمَاعُونَ ۚ

BIS-MIL-LAA-HIR-RAH-MAA-NIR-RA-HEEM

1. A-RA-AY-TAL-LA-ZEE-YOU-KAZ-ZI-BU-BID-DEEN-
2. FA-ZAA-LI-KAL-LA-ZI-YA-DU'- 'UL-YA-TEEM-
3. WA-LAA-YA-HUDH-DHU-'A-LAA-TA-'AA-MIL-MIS-KEEN-
4. FA-WAY-LUL-LIL-MU-SAL-LEEN-
5. AL-LA-ZEE-NA-HUM-'ANN-SA-LAA-TI-HIM-SAA-HOON-
6. AL-LA-ZEE-NA-HUM-YU-RAAAA-OOON-
7. WA-YAM-NA-'OO-NAL-MAA-'OON-

Surah Quraish

ركوعاتها ١

١٠٦ سُورَةُ قُرَيْشٍ مَكِّيَّةٌ ٢٩

آياتها ٢

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَنِ الرَّحِيمِ
لَا يَلْفُ قُرَيْشٌ ۖ الْفِهُمُ رِحْلَةَ الشِّتَاءِ وَالصَّيْفِ ۖ
فَلْيَعْبُدُوا رَبَّ هَذَا الْبَيْتِ ۖ الَّذِي أَطْعَمَهُمْ مِنْ جُوعٍ ۖ وَ
أَمَنَهُمْ مِنْ خَوْفٍ ۖ

BIS-MIL-LAA-HIR-RAH-MAA-NIR-RA-HEEM

1. LI-EE-LAA-FI-QU-RAYSH-
2. EE-LAA-FI-HIM-RIH-LA-TASH-SHI-TAAAA-I-WAS-SAYF-
3. FAL-YA'-BU-DU-RAB-BA-HAA-ZAL-BAYT-
4. AL-LA-ZEE-AT-A'-MA-HUMM-MINN-JOOO'-
5. WA-AA-MA-NA-HUMM-MIN-KHAWF-

Surah Feel

ركوعها ١

١٠٥ سُورَةُ الْفِيلِ مَكِّيَّةٌ ١٩

آياتها ٥

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَنِ الرَّحِيمِ
 أَلَمْ تَرَ كَيْفَ فَعَلَ رَبُّكَ بِأَصْحَابِ الْفِيلِ ۖ
 أَلَمْ يَجْعَلْ
 كَيْدَهُمْ فِي تَضْلِيلٍ ۚ
 وَأَرْسَلَ عَلَيْهِمْ طَيْرًا أَبَابِيلَ ۖ
 تَرْمِيهِمْ بِحِجَارَةٍ مِّنْ سِجِّيلٍ ۖ
 فَجَعَلَهُمْ كَعَصْفٍ مَّأْكُولٍ
 ع

BIS-MIL-LAA-HIR-RAH-MAA-NIR-RA-HEEM

1. A-LAM-TA-RA-KAY-FA-FA-'A-LA-RAB-BU-KA-BI-AS-HAA-BIL-FEEL-
2. A-LAM-YAJ-'AL-KAY-DA-HUM-FEE-TADH-LEEL-
3. WA-AR-SA-LA-'A-LAY-HIM-TAY-RAN-A-BA-BEEL-
4. TAR-MEE-HIMM-BI-HI-JAA-RA-TIMM-MINN-SIJ-JEEL-
5. FA-JA-'A-LA-HUM-KA-'AS-FIMM-MA-KOOL-

***IZELULEKO
KUWOWONKE
AMAMUSLIM***

Zicashunwe ezelulekweni zikaHadrath Moulana Ashraf Ali Thaanwi (RA)

1. Thola ulwazi lwenkolo. Lokhu ungakwenza ngokujwayela amaUlama noma ukufunda izincwadi zeIslam ezithembekile.
2. Gwema izono. Uma kwenzekile wona, zisole masisha.
3. Ungalimazi muntu emphefumulweni noma emzimbeni. Ungakhulumi kabi ngomunye umuntu.
4. Ungabi nothando lomcebo noma udumo. Ungazinaki izingubo nokudla okuphambili.
5. Wavume amaphutha akho uzisole ngawo.
6. Ungahleki noma ukhulume kakhulu. Abesilisa kufanele bagweme ukukhuluma nabesifazane abangahlobene nabo kanjalo nabesifazane bakugweme lokhu.
7. Ukungakhombisi ukuvilapha uma wenza i 'Ibadah.
8. Zithobe ngasosonke isikhathi. Ungakhombisi ubukhulu bakho.
9. Ungajwayelani nabantu abacebile, amakhosi kanye nalabo abasezikhundleni eziphezulu.
10. Gwema abantu abakhohlakele.
11. Ungabheki amaphutha abanye. Ungabacabangeli kabi abanye abantu. Kodwa bheka amaphutha akho uzame ukuwalungisa.
12. Yenza umthandazo wakho ngendlela, ngesikhathi esifanele ngokuzinikela okukhulu.

13. Jwayela ukunikelela abahluphekayo.
14. Funda iKur'an Sharif zonke izinsuku.
15. Yenza leDhikr zonke izinsuku. 100 Astaghfirullah, 100 Duru Sharif, 100 iKalimah yokuqala.
16. Yisho iTasbih Fatimi emva kwayoyonke imithandazo nangaphambi kokulala. [33 Subhanallah, 33 Al-hamdulillah, 33 Allahu Akbar].
17. Hlala ugqoke ngendlela yelislam. Ungagqoki amafeshini aheha amehlo abantu.
18. Yidla lokho okuHalaal kuphela. Gwema imali nokudla okuHaraam.
19. Landela iSunnah kaRasulullah ﷺ kuyoyonke into oyenzayo.
20. Hlala ukhumbula uAllah Ta'ala ngenhliziyo noma ngolimi lwakho. Ungakuvilapheli lokhu.
21. Yazi ukuthi ukuzisola, ukulahlekelwa nokukhathazeka kuvela kuAllah Ta'ala. Ungalilahli ithemba. Kodwa khumbula ukuthi uzovuzwa ngalokho.
22. Zama ngasosonke isikhathi ukusiza abanye ezintweni zomhlaba noma zokholo.
23. Ungadli kancane ngendlela yokuthi ube buthakathaka. Futhi ungadli kakhulu gendlela yokuba uvilaphele ukwenza i'Ibadah.
24. Ungafisi lutho noma uhalele izinto kubantu ngaphandle kukaAllah Ta'ala.

25. Bonga ophiwe kona ingabe kuncane noma kuningi. Ungalilahli ithemba ngenxa yokuhlupheka.
26. Funda ukuxolela abanye amaphutha abo. Nawe uAllah Ta'ala uyokuxolela.
27. Fihla amaphutha abanye.
28. Siza izihambi, izivakashi, amaUlama kanye namakholwa.
29. Hlala nabantu abakholwayo.
30. Saba uAllah Ta'ala ngasosonke isikhathi.
31. Khumbula ukufa.
32. Ungawakhulumi amanga.
33. Ungayihambeli imibuthano ephikisana neShari'ah.
34. Yiba nesimilo ukuzehlisa namahloni.
35. Ungazikhohlisi ngokuzitshela ngobuhle bakho.
36. Yenza iDua ukuthi uAllah Ta'ala akugcine endleleni eqondile.

Isikhumbuzo sami sansuku zonke

- ❖ NgiyiMuslim.
- ❖ Ngiyamthanda uAllah Ta’ala.
- ❖ Ngiyamthanda uHadhrat Muhammad (Sallallahu alayhi wasallam).
- ❖ Ngiyayithanda iIslam.
- ❖ Ngiyaziqhenya ngokuba iMuslim.
- ❖ Ngiyambonga uAllah Ta’ala ngokungenza iMuslim.
- ❖ Impumelelo yami kulomhlaba, engcwabeni kanye nasemhlabeni ozayo isekulandeleni imithetho kaAllah Ta’ala ngendlela esayikhonjiswa nguNabi Muhammad (Sallallahu alayhi wasallam).
- ❖ Oh Allah, ngenze ngiphile, ngife futhi ngivuke ngosuku lokwahlulela ngiyiMuslim. Amin.
- ❖ Inhloso yami empilweni ukufunda, ukuphila, ukushumayela nokwenza abanye balandele iIslam.

